⁹¹ Manje, bobabili babengabenkolo. Kodwa uEsawu, lapho kusiza emisebenzini lezenzo, njengowomthetho olungileyo, mhlawumbe wayengumfana ongono, indlela yonke, kuloJakhobe ayeyikho. Belikwazi lokho na? UJakhobe wayengumfana omncinyane nje owayetshona kunina isikhathi sonke. Kodwa uEsawu waphuma futhi wasebenza, waphuma phandle futhi wathola inyama yenyamazana yeganga ukunika uyise oluphelelo oyisiphofu owayengumprofethi, wazama ukumnakelela. Kodwa uJakhobe wayelento eyodwa kuphela engqondweni, wayefuna lobobuzibulo! Kazange abelendaba ukuba kwathatha isikhathi eside kangakanani ukulinda kumbe loba yini ayemele ayenze, into enkulu empilweni yakhe yayilobuzibulo! Futhi uEsawu wabayeyisa.

⁹² Manje awuboni yini umuntu wemvelo—umuntu wemvelo? Lapho imvuselelo isiza, kulenhlobo ezimbili zabantu eziphuma kuyo yonke imvuselelo. Kulomuntu wenyama ohambayo, futhi uzakuza ku-altare futhi athi, “Yebo, mnumzana, ngiyamamukela uKhristu njengoMsindisi wami.” Uzaphuma,

futhi kuyini okwenzakalayo? Into yokuqala uyazi, uzacina esekwelinye eliqanda kahle, ibandla elipholileyo, ngoba ucabanga, “Awu, nxa ngijoyina ibandla, ngiyafanana lomuntu olandelayo. Angilunganga nje njengo *Sibani-bani*? Ngumehluko bani okuwenzayo ingqe kuphela ngingowebandla futhi ngisenza isivumo sami?” Ngani, ngumahluko omkhulu sibili. Kumele uzalwe kutsha. Kumele ube lobuzibulo.

⁹³ Futhi uJakhobe kazange abe lendaba ukuthi wayehlekwa kanganani. Wayefuna lobobuzibulo, futhi akazange abe lendaba ukuthi kwakumele akuthole kanjani.

⁹⁴ Manje, abantu abanengi abafuni ukuthola ubuzibulo ngoba bacabanga ukuthi akudumanga nje kancinyane. Abafuni ukwehla phansi ku-altare futhi bakhale kancinyane, kumbe bahambe bengelakudla okulutshwana, le—lenye into. Aba—aba—aba—abafuni ukukwenza. Abafazi abanengi... abanengi babo, uyazi, mani-... bezipendile, bacabanga ukuthi bangakhala bangayigeza, bayifake njalo. Ngani, bona... ku... Futhi kangitsho lokho ukungahloniphi, ngithemba akuzwakali ngaleyondlela, kodwa lelo liqiniso. KabaLifuni nje. Kabafuni ukuZalwa okuTsha, ngoba ukuZalwa okuTsha kungathi kubuhlikilili. Kunjengokunye okunye ukuzalwa. Loba yikuphi ukuzalwa kumahlilikilili, kangilandaba ukuthi kungaphi. Nxa kusesibayeni sengulube kumbe esibayeni, kumbe nxa kusekamelweni lesibhedlela eliceciswe ngephinki, kumahlilikilili.

⁹⁵ Futhi kunjalo ngokuZalwa okuTsha kumahlilikilili! Amen. Kuzakwenza wenze izinto obungacabangi ukuthi ungazenza; ume ekhoni futhi utshaya ithamborini, kumbe uhlebele, “Dumo kuNkulunkulu! Haleluya! Dumisani uNkulunkulu! Dumo kuNkulunkulu!” Ngani, uzakwenza njengohlanya. Yikho lokho okwakwenzayo kubapostoli, yikho lokho okwakwenzayo entombini uMariya, wenza sengathi wayedakiwe. Wayemahlilikilili, emphakathini, kodwa kuthatha ubuhlikilili ukuze impilo iphume lapho. Amen!

⁹⁶ Ngaphandle loba yini kufe futhi kubole, impilo ayingeke iphume kukho. Ngaphandle umuntu afe futhi abole emcabangweni wakhe uqobo, uKhristu angeke angene enhliziyweni yakhe. Lapho uzama ukuzicabanga sibisakho, “Manje, nxa ngingaya ku-altare futhi ngithi, ‘Yebo, Nkosi, ngi—ngingumfo olungileyo, ngizakuThatha. Ngizabhadala okwetshumi kwami. Ngizakwenza lokhu,’” kumele ufe futhi ubole khona lapho emcabangweni wakho. Yeka uMoya oNgcwele athathindawo futhi wenze nje lokho Afuna ukukwenza ngawe. Yenza sengathi ubamahlilikilili ngakho. Lokho kuzwakala kukubi, hatshi ukungahloniphi, kodwa kuliQiniso. Yindlela kuphela engiyaziyo ukutshaya linto ukulenza liKuzwisise.

⁹⁷ Kuyini okwakusedlula ubuhlikilili kulalelo qembu lamaJuda

elizophakamisayo ngalolosuku, ukwedlula ukubona lababantu besiza phandle-le ngendebe ezigagasayo? liyazi ukugagasa yikuyini? “Huh, huh, uh, uh, uh, uh...?...” Ezinye indimi, futhi besenza njengabantu abadakiweyo. “Huh, huh, uh, uh, uh.” Yikho kanye ababekwenza. Bakhangeleka bemahlkilili!

⁹⁸ Futhi wathi, “Ngabe amadoda lawa wonke egcwele iwayini elitsha na?”

Kodwa ngemva kokuba oyedwa eseqaqabukile, wathi, “Lokhu makwazeke kini, futhi lalalani amazwi ami, laba kabadakwanga njengelikucabangayo.” Kodwa wabuyela eMbhalweni, “*Lokhu yilokho* okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, ‘Futhi kuzakuthi ensukwini zokucina,’ utsho uNkulunkulu, ‘Ngizathulula uMoya Wami phezu kwenyama yonke.’”

⁹⁹ Yiyo indlela iBandla elazalwa ngayo kuqala. Bangaki abakhulwayo ukuthi uNkulunkulu kalamkhawulo? Khona-ke Angeke aguquke. Futhi nxa lowo kwakungumqondo Wakhe weBandla ekuqaleni, yilo uhlobo lweBandla Azakube elalo ekucineni. Angeke aguquke. Ngakho uzakufaka kanjani esikhundleni ukuxhawula isandla, kumbe ukufafaza, kumbe—kumbe enye into engenzakalanga khona lapho? Munye lamunye wabapostoli wabuyela khona kulokho.

¹⁰⁰ Emva kokuba sebenzile konke kwalokho...UMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, uPhetro wathi, “Singalela amanzi, sibona ukuthi laba bemukele uMoya oNgcwele njengalokho esakwenzayo ekuqaleni?” Futhi wabalayeza ukuba babhaphathizwe eBizweni leNkosi uJesus. Kunjalo.

¹⁰¹ Uphawuli wahamba futhi wathola abantu bememeza, besiba lesikhathi esikhulu, iqembu lamaBaptisti lidumisa uNkulunkulu, futhi wathi, Imisebenzi 19, wathi, “Selamukela uMoya oNgcwele selokhu lakholwayo na?”

Bathi, “Kasikwazi loba kuloMoya oNgcwele.”

Wathi, “Labhaphathizwa njani?”

Bathi, “Sabhaphathizwa yindoda efanayo eyabhaphathiza uJesus, uJohane umBhaphathizi.”

¹⁰² Wathi, “Yebo, akusoze kusebenze futhi.” Bona? Uphetro wayeseqedile ukukubeka uphawu ngoSuku lwePhentekhosti. Wayesihluthulelo. Bona?

Wathi, “Akusoze kusebenze futhi, kumele libhaphathizwe kutsha njalo.” Ngakho wababhaphathiza njalo, eBizweni leNkosi uJesus Khristu. Wabeka izandla zakhe phezu kwabo, futhi babalohlobo olufanayo lwempumela ababelayo lapho ekuqaleni. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, baqala ukukhuluma ngendimi lokuprofetha.

¹⁰³ Manje, lelo bekuliBandla kusehla esikhathini. Manje, laqalisa khona lapha ekuqaleni.

“Ngiyazi ukubekezela kwenu. Lilesineke sibili, Ngiyakwazi lokho... Manje khumbula, ngiNguye lowo ohamba phakathi kwezinti zezibane. Ngiyazi ukubekezela kwenu, lomsebenzi wenu, lokutshikatshika kwenu, lothando lwenu, lokunjalo. Ngiyazi konke lokho elikwenzileyo. Futhi Ngiyazi ukuthi lihlolile abantu laba abazibiza ngokuthi ‘abaprofethi, abapostoli,’ labafumana ukuthi ngabaqambimanga.” O, lokho kubi sibili, akunjalo na? Angilamlandu lakho lokho, Nguye. Wathi babengabaqambimanga.

¹⁰⁴ Kodwa iBhayibhili lathi, “Hlola umuntu. Uba kukhona phakathi kwenu ongokamoya kumbe umprofethi, kumbe esitsho ukuthi unguye, Mina iNkosi ngizazenza ngoKwami ngazakale kuye. Ngizakhuluma kuye ngemibono, lasemaphutshweni. Futhi nxa lokho akutshoyo kugcwaliseka, khona-ke muzweni; lingamesabi, bona, ngoba Ngilaye. Kodwa nxa kungagcwaliseki, khona-ke lingamuzwa, akala iLizwi Lami.” Bona, nxa kuyiLizwi Lakhe, kuzakwenzakala.

¹⁰⁵ Manje, bafumana abafu laba ukuthi babengenzi ngokutsho kweBhayibhili. Bona, babezama ukuthola enye into. (Ngilifuna ligcine ikepesi yenu yokucabanga liyigqokile khathesi, lapho esifika khona kokuligugu ngemizuzu nje emilutshwana.) Manje, khona-ke Wathi, “Ngiyabona lokho eliku... ukuthi lilenhliziyo ende, lokubekezela futhi...kanye labo. Libahlolile, futhi labafumana bengayisibo abapostoli. Abasibo.”

¹⁰⁶ Manje, njengoba ngitshilo ekuqaleni, singakaqalisi kulokhu njalo, yonke invuselelo izeza ipheya yamaphahla. Omunye ngumuntu kamoya; omunye ngumuntu wenyama womhlaba, “Ngijoyine ibandla, ngilunge nje njengomuntu wonke.” Futhi yikho lokho limvuselelo eyakuvezayo. Yikho lokho, yonke invuselelo. Yikho lokho ekaLuther eyakuvezayo, yikho lokho ekaIrenaeus eyakuvezayo, yikho lokho ekaMartin oNgcwele eyakuvezayo, yikho lokho ekaColumba eyakuvezayo, yikho lokho ekaWesley eyakuvezayo, futhi yikho lokho iPhentekhosti eyakuvezayo. Khona kanye nje.

¹⁰⁷ Uyabona ukuba bafube njani na? Bakha amabandla abo, futhi baqhubeka besiwa, lendawo ezinkulu ezinhle futhi, o bakithi, basukume futhi bephindaphinde isiVumankolo sabaPostoli, “Ngiyakholwa kulo iBandla elingcwele iRoma Katolika, lokukhulumisana kwabangcwele.” Loba ngubani okholwa yikukhulumisana kwabangcwele ngumuntu wamadlozi. Loba yini okukhulumisana labafuleyo ngokukadeveli. Kunjalo sibili. Silo’Meli oyedwa phakathi kukaNkulunkulu lomuntu, lowo nguMuntu, uJesu Khristu. Kunjalo. Yikho lokho uPhetro akutshoyo. Futhi lina bantu beKatolika abathandekayo limbiza “upapa wakuqala, loPhetro engupapa wokuqala owahamba loJesu.”

¹⁰⁸ Futhi-ke wathi, “Akula omunye u’meli phakathi

kukaNkulunkulu lomuntu.” Futhi laba, ulabanye abazinkulungwane ezilitshumi lamuhla. Kungani selintshintshe kangaka, nxa ibandla lingaphosisi futhi lingaguquki? Futhi wonke amamasi enu akhulunywa ngesiLathini ukuze kungaguquki. Kuyini okwenzakalayo? Kungaphi lapho owake wathola khona isiVumankolo sabaPostoli eBhayibhili? Nxa abapostoli babelaloba yisivumankolo, bekuyi “Phendukani, libhaphathizwe lonke eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu.” Akula esinye isivumankolo engake ngabezwa besazi kumbe belandisa enye into.

¹⁰⁹ Kodwa lapho kusiza “Amabandla aNgewele esiRoma” lazo zonke lezi ezinye izinto, futhi “Nkulunkulu uBaba uSomandla lowo ogcina amazulu lomhlaba,” lowo ngumbhedo. Bona? Kunjalo. Akukho eBhayibhili. Akulanto enjalo eMbhalweni. Yisivumankolo esenziweyo abasenzileyo. Kodwa kuyi... imikhuleko yonke lakho konke yinto yokwenziwa.

¹¹⁰ Singabona lamuhla ukuthi amaProtestanti ethu, lapho sifika phansi phakathi lapha kwacezuka nje phakathi kwabo. Futhi njengoBilly Graham nje watsho ngeSonto, “Abantu bebesekuphambukeni kangako baze bacabange ukuthi balungile lapho bephambukile.” Kunjalo. Kuliqiniso. Ngiyathokoza ukuthi ngi...Yebo sibili ngiyamazi uBilly Graham wamukela uMoya oNgewele phansi kukaGeorge Jefferies khona ngale, kodwa ezinye zalezinsuku uzaphuma kulokho. UNkulunkulu uyamsebenzisa khona-le khathesi, ngoba anganyikinya lowombuso okungela omunye umuntu ongangena kukho. Kodwa ungabona ukutshumayela kwakhe, ukuthi kulenye into ngemuva kwalokho, ngenxa yabanye balaba lapha amaBaptisti abaxhawulana izandla. Yebo, mnumzana!

¹¹¹ Manje:

Ngiyazi imisebenzi yakho, . . . lokubekezela kwakho, . . . ukuthi awungeke kanjani . . .

¹¹² Kasiboneni manje, ngile . . .

Ngiyayazi imisebenzi yakho, lokutshikatshika kwakho, lokubekezela, . . . ukuthi awulakubamela labo ababi: futhi ubahlolile labo abathi ukuthi bangabapostoli, futhi abasibo, futhi ubafumane bengabaqambimanga:

¹¹³ Wabafumana bengabaqambimanga. Bakwazi njani lokho? Babengacaphuni ngeLizwi.

¹¹⁴ Manje, nxa umuntu esithi ukuthi “LeliBhayibhili lithi kumaHebheru 13:8, ‘UJesu Khristu, ofanayo izolo, lamuhla, lanininini,’” indoda yathi, “Ah, insuku zezimangaliso sezadlula,” khona-ke lowomuntu ngumqambimanga.

¹¹⁵ Uba iBhayibhili lathi, “Phendukani, libhaphathizwe lonke eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono

zenu,” lendawo yonke eBhayibhili ni ikhuluma into efanayo, futhi wonke umuntu owake wabhaphathizwa e—esikhathini seBhayibhili wabhaphathizwa eBizweni likaJesu Khristu, futhi uyabalaya ukuba bhaphathizwe, bafafazwe, kumbe enye into enjengalokho, leyondoda ingumqambimanga, etholakala engumprofethi wamanga.

116 Ngithemba angilizwisi buhlungu, kodwa ngi . . . Mfowethu, awungeke u—ungeke utotoze Lokhu, yisikhathi, khupha amagilavisi futhi uphathe iVangeli. Bona? Lelo liQiniso.

117 Manje, ngitshengise enye into eyahlukileyo. Ngitshengisa lapho umuntu oyedwa owake wabhaphathizwa loba ngayiphi enye indlela kodwa eBizweni likaJesu, bona, ngaphandle kwebandla leKatolika. Ngakho nxa ubhaphathizwe ngaleyondlela, awukho ebandleni lesiKhristu, usebandleni leKatolika ngoba ubhaphathizwe. *ISunday Visitor* yabo uqobo, ikhathekazi yathi, umbuzo, “Loba nguphi wamaProtestanti uzakusindiswa na?” Wathi, “Abanengi babo, ngoba balobhaphathizo lwethu lezinto ezinengi ezinjalo.” Wathi, “Batsho ngeBhayibhili, futhi iBhayibhili lathi ‘bhaphathiza eBizweni likaJesu Khristu,’ futhi sikuthethe kusukela lapho futhi sakubeka ‘Baba, Ndodana, loMoya oNgewe’ futhi bakukhothamele.” Ngempela. Bona? Hatshi i—hatshi . . . Akusilo u—akusilo ubhaphathizo lwesiKhristu, lubhaphathizo lwesiKatolika.

118 Langizwa ngobusuku, “Sowake wabhaphathizwa ngobhaphathizo lwesi*Khristu* na?” Ubhaphathizo lwesi*Khristu*, uKhristu, “UJesu Khristu,” hatshi ngesihloko esithile.

119 Manje, indima 3 manje. Kulungile, indima 2 lo3. Manje indima 3:

Futhi wasuthwala, futhi waba lokubekezela, futhi ngenxa yebizo lami ukhuthalile, futhi kawudinwanga.

120 “Ngenxa yeBizo Lami.” Linanzelele babelokubekezela na? Lakhuthalelani na? IBizo Lakhe. Bona leloBizo libambebele kulelobandla? Manje kukhangeleni, lapho sisehla phansi evikini, ukuthi lokho kufiphala kanjani futhi kungene kwelinye ibizo. Bona? “*Libelokubekezela, lakhuthala, lokunjalo, futhi ngenxa yeBizo Lami.*” Yena . . . Bakhuthalela iBizo Lakhe, ukugcina iBizo likaJesu Khristu ngaphezu kwaloba yiliphi ibandla, ngaphezu kwaloba yikuphi okunye.

121 MaLibe ngelokuqala, “Loba yini,” iBhayibhili lathi, “loba yini eliyenzayo ngelizwi kumbe ngesenzo, kwenzeni konke eBizweni lika Jesu Khristu.” Kunjalo na? “Loba yini eliyenzayo ngelizwi kumbe ngesenzo.” Nxa utshadisa, tshadisa umuntu; nxa ungakwanisi, nxa bonke bexubanisekile emtshadweni wabo, ungabatshadisi lakancane. Bona? Nxa ungeke uthi ngokukhululeka, “Ngiyalimemezela ukuba yindoda lomfazi

eBizweni likaJesu Khristu,” bayekele bahambe. Kulungile. Nxa ufuna ukubabhaphathiza, babhaphathize eBizweni likaJesu.

¹²² Nxa kumele wenze enye into ongeke uyenze eBizweni likaJesu, kutshiye kunjalo! Omunye umuntu wathi, “Natha kancinyane.” Awungeke ukwenze lokho eBizweni likaJesu, ngakho kutshiye kunjalo! Omunye umuntu wathi, “Dlala amakhasi amancinyane.” Awungeke ukwenze lokho eBizweni likaJesu, ngakho kutshiye kunjalo! Encinyane, engcolileyo, insomo ezingcolileyo ephathini yakho yamakhasi, awungeke ukukhulume lokho eBizweni likaJesu, ngakho kutshiye kunjalo! Bona? Awungeke ugqoke okabhudula eBizweni likaJesu, ngakho kutshiye kunjalo! Ngingaqhubekela phambili, kodwa thina... liyazi lokho engikhuluma ngakho. Kulungile. Awungeke ukwenze lokho. Lokho ongeke ukwenze eBizweni Lakhe, kutshiye kunjalo! Ngoba, Wathi, “Loba yini oyenzayo ngelizwi kumbe ngesenzo, kwenze konke eBizweni likaJesu Khristu.” Kulungile, manje.

¹²³ Manje sizakuya...Lokho yi...Wabababaza ngalokho. Manje ngizakhuluma ngensolo manje esahlukweni 4...kumbe indima 4, bengisitsho.

Kungenani Ngilalokhu ngani ngimelana lawe, ngoba utshiyile uthando lwakho lwakuqala.

¹²⁴ O! “Ngilenye into engimelana lawe. Ubu lokubekezela, ugcinile iBizo Lami.” Akungeke nje kube yinto enhle yalolithabhanekeli lamuhla na? Yebo, mnumzana! “Ubulungile, futhi ube lokubekezela okunengi, futhi wathwala isikhathi eside, kodwa into yakho yikuthi...Ubambe iBizo Lami. Ngiyakuthakazelela konke lokho. Ngi—Ngiyakubabaza ngalokho, kulungile. Futhi Ngibonile ukuthi libahlolile labo abathi ngabapostoli lokunjalo, futhi labafumana bengabaqambimanga, kabahambelani leLizwi. Ngi—Ngiyakuthakazelela konke lokho. Kodwa kulenye into eNgimelana lani, futhi lokho yikuthi litshiye uthando lwenu lokuqala. Litshiyile lolothando elake laba lalo kuleyo emihle, eyesidala, imihlangano kaMoya oNgcwele, futhi seliqala ukubuyela nyovane kulokho okupholileyo, okwangena phakathi lo ‘Baba wethu...’” Mbhedo! Bona?

¹²⁵ Yonke lisosayithi lapha, futhi omunye umuntu kufanele aphume ngesembatho esikhulu kubo (uyazi, ukuhlabela ekwayeni, uyazi), lokucomba inwele zabo yonke indawo lakho konke, lokuzipenda okunengi ebusweni babo, futhi bahlabele njengengingakwaziyo.

¹²⁶ Lapha kungesikhathi eside esedluleyo, nxa kwakungayisiwo umhlangano kaOral Roberts, ngeqiniso ngabe ngabizela phandle ixuku. Ngangi—ngangisemhlanganweni omkhulu waMadoda osomaBhizimusi futhi wenziwa...asizange sibe...lobobusuku nangezizakukhuluma. Babengeke bawubambe lapho ewoteleni,

futhi bangihambisa e—esakhiweni sikaOral Roberts. Futhi lapho ngihlezi endaweni yokutaditshela kaOral, kwakulexuku labantwana bamaPhentekhosti (o, amajaha labafazi, 16, 17 ubudala beminyaka, 18) bonke bemile phandle lapho; phose abangu 30 kumbe 40 babo bezakuhlabela olunye uhlobo lo—lo kuncane...kwazwakala kimi njengohlobo lwengoma yokuvulisa umdlalo ngomunye umuntu njengo Becky okhuluma ngaye, Tchaikovsky kumbe ezinye zalezo zinto njengalokho; angikwazi, ezinye inhlobo zalezo ngoma, ingoma yeklasi. Futhi nampa belapha, abazalwane babezathatha umnikelo emhlanganweni, futhi munye lamunye walaba bahamba futhi babelenkezo encinyane, benza sengathi babephumputhekile lakho konke insomo lokuqhubeka elake lakuzwa, phakathi kwalabo bafana lamankazana, futhi bekhuluma njengakho konke. Futhi labo mankazana belependa eneleyo kubo, yayingapenda isakhiwo sikaOral, phose. Futhi nampo belapho njengalokho, futhi bezibiza sibisabo “Phentekhostali.” Balahlekelwa luthando lwabo lokuqala!

¹²⁷ Ngeqiniso ngihamba loDavid du Plessis, “uNkulunkulu akala bazukulu.” Hatshi, mnumzana! Silabazukulu beMethodisti. Silabazukulu beBaptisti. Silabazukulu bePhentekhosti. Kodwa uNkulunkulu akala ngitsho! Lingamadodana lamadodakazi. Awungeke ungene ngomama wakho kumbe ubaba wakho ngoba babengamadoda alungileyo labafazi, kumele ubhadale inhlawulo efanayo abayenzayo. Kumele uzalwe njengalokho ababeyikho nje. uNkulunkulu akalabazukulu, lakancane. Uyindodana kumbe indodakazi; kumbe, awusuye umzukulu, yinto eyodwa eliqiniso.

¹²⁸ Ngahamba emhlanganweni lapho, futhi bona lapho... ebandleni elihle lePhentekhostali Assembly. Mfana, kumele ubabone labo abafazi behlakazeka lapho bengibona ngingena; lalezonwele ezimfitshane, inwele ezigeliweyo, futhi lezo zintwana ezincinyane ezigqoke ngokungaphelanga, phose njengesosiji, uyazi, bethe mfimfi phakathi kwalezozigqoko njengalokho, abafazi bamaPhentekhosti, begqoke okukhanukisayo.

¹²⁹ Lizakukuphedulela, ngoSuku lokwaHlulelwa. Uzakuba lecala lokwenza ubufebe, uJesu wathi, “Loba ngubani okhangela umfazi ukumkhanuka, usehle wafeba laye enhliziyweni yakhe.” Futhi nxa uzitshengisa endodeni kanjalo, ngubani olecala? Wena kumbe indoda na? Qonda! Balekela khona ngokwabo ukubonakala bokubi! Bona? Ngakho nanko-ke.

¹³⁰ Kuyini owakwenzayo? Balahlekelwa luthando lwabo lokuqala. O, wawungeke ubathole ekhloneni kanye lethamborini ukuba ukuqakeza izandla zabo futhi badumise uNkulunkulu. O, hatshi! Bengahlabela olunye uhlobo lwento eklasikali lenqumbi yamarogwe abayigqokileyo. Bona, balahlekelwa luthando lwabo lokuqala. Yikho lokho okwenzakala ngebandla lakuqala. Bona?

¹³¹ Kumele nje benze njengomhlaba. Kumele bagqoke njengomhlaba, bakhangeleke njengomhlaba, benze njengomhlaba. Futhi babelengcwethi yabo abayithandayo yethelevizhini, uyazi, abangeke benelise ukungayiboni. *We Love Susie* kumbe enye into, liyazi, kumele nje bayibone. Bayahlala ngekhaya bengayi emhlanganweni womkhuleko lakho konke okunye ukukubona. Nxa bengakwenzi, bayaphophothela kakube umalusi wabo, ukubakhupha ngesikhathi lolohlelo luze luze ukuze bafike ngekhaya ukulubona. Uthando lomhlaba ukwedlula uthando lukaNkulunkulu!

¹³² O, baphole kakhulu, abesenelisi ukuthi bathi, “Amen!” futhi. Minabo, bakithi, kungaphambanisa okunye ukuzicomba. Bona? AbaseLakho futhi. Leyo yiPhentekhosti. Labo kayisibo iBaptisti. Abakaze babe Lalo kwasekuqaleni, a—amaPresbyterian. Ngikhuluma ngePhentekhosti. Kunjalo. Ngiyazi kuyagulisa kabi, mfowethu, kodwa sifuna uzalo phakathi kwalinto; kumele ilethe ukufa ungakabi lokuzalwa. Bona? Bona? KuliQiniso. Kodwa nanko-ke, latshiya uthando lwenu lokuqala. Ngi. . .

¹³³ Nxa uNkulunkulu wayelakho lokho emelana *laleli* ibandla, Umelana *laleliyana* futhi! “Ngoba utshiye uthando lwakho lokuqala, Ngimelana lawe ngakho. Ngilenye into engimelana lawe, lokho yikukhonona Kwami. Like laba lesikhathi esihle esikhulu, kodwa la—lavumela umhlaba ukuba unyonyobele phakathi, futhi selisenza ngokuphola kancane. Lilokhu libambe iBizo Lami, futhi lilokhu lisenza izinto ezilungileyo, futhi lilokubekezela okunengi lokunjalo, futhi liyatshikatshika, linjengembongolo, liyatshikatshika nje futhi lisebenze.”

¹³⁴ Minabo! Minabo! Minabo! Bona, litshiye umusa lokholo lamandla, ukuntshintshanisa lokutshikatshika lemisebenzi. “Awu, ngiyakutshela Mfowethu Branham, ngi—ngiyancedisa umfazi wonke ongumfelokazi engimeliso.” Awu, leyo yinto enhle, ngiyakubabaza ngalokho. Kodwa luphi lolo thando lokuqala owawulalo? Uh-hum, uh-hum. Ingaphi leyontokoza owawujwayele ukuba layo? NjengoDavida wake wakhala, “O Nkosi, buyisela kimi intokoza yosindiso lwami.” Ingaphi yona imihlangano yobusuku bonke, lenyembezi ezihlathini zakho? Minabo, bakithi, iBhayibhili selize ligcwele uthuli lobulembu phezu Kwalo. Libala indaba zothando ezindala, lezindaba lezinto; lezinto ezingamelanga ngitsho zivunyelwe ukusakazwa futhi kufakwe phandle kube yi—yibhimu yengcekeza, futhi thina abantu bePhentekhosti siyakudobha futhi silenge phezu kwakho njengenqumbi yempukane ebhimu yengcekeza. Kunjalo. O, isihawu! Lokho esikufunayo yiku: Buyela othandweni lwethu lwakuqala! Sibuyele ePhentekhosti! O, kungcono ngisuke lapho. Kulungile. Kodwa, liyazwisisa, “Sitshiya lolothando lwakuqala.”

135 Indima 4, indima 5 manje. Isixwayiso, indima 5, isixwayiso: “Khumbula futhi uphenduke!” Bona?

Ngakho-ke khumbula lapho owe khona...(Uvele ngaphi? Kusuka ephentekhosti wawela phansi kuze kube yilapho okhona khathesi, uhlehlela emuva)... *futhi uphenduke, futhi wenze imisebenzi yakho yokugqala;* (buyela ephentekhosti njalo)... *kumbe Ngizakubuya kini ngokuphangisa, futhi ngisuse uluthi lwesibane phakathi kwe y-a-k-h-e...*(Bona ukuthi ngubani, akunjalo na?)... *indawo yakhe, ngaphandle uphenduke.*

136 Ngamanye amazwi, nxa ulomalusi ogcwaliswe nguNkulunkulu, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi uzame ukumbamba ngaphansi komunwe wakho, uthi, “Awu, nxa ekhuluma ulutho ngathi ngokuba lekwaya elamarogwe, nxa ekhuluma ulutho ngathi sizipenda, sizamxotsha nje.” Ungakhathazeki, uNkulunkulu uzakwenza ungakabi lethuba lokukwenza. Uzaphuma phandle futhi atshumayeze amatshe esitaladeni engakayekethisi ngalolohlobo lwezinto. Lilomalusi olitshela iQiniso sibili, kufanele uhloniphe uNkulunkulu futhi lihlale eMoyeni, futhi likhonze uNkulunkulu, linanzelela ukuthi lizalahleka nxa lingakwenzi. Bona?

137 Kodwa abantu baphila lamuhla njengalokho babezahamba... leyi yinto kuphela eyayikhona, “phila lapha emhlabeni, yikho kuphela.” Kawunanzeleli ulomphefumulo ozasuka lapha futhi uhambe kwenye indawo. Futhi ubeka uphawu isiphetho sakho khona lapha, indlela ophila ngayo lendlela owenza ngayo, ubamba izikhwili, futhi ulunya, lento yonke, futhi-ke ubusugijimela ebandleni. O, sihawu! Whew! Ihlazo kuwe.

138 Uletha isigcono phe—phezu kwembangela kaKhristu. Akunjalo na? Asikwenzi na? Izidakwa azilimazi iBandla; akusikho *lokho*. Kayisilo iwule eliphambanisa iBandla. Ngabantu abazitsho ukuba ngamaKhristu abaphambanisa iBandla. Siyazi isidakwa esiyikho lewule eliyikho. Lapho odadebethu begqoka njengewule, lokho kwahlukile, *lokho* yikho okuphambanisa iBandla. Lapho umuntu enatha njengesidakwa, awu, khona-ke, yikho okuphambanisa iBandla. Bazitsho ukuba bangamaKhristu futhi bayakwenza lokho. Abantu bakukhangela lelobizo... “Makuthi lowo obiza iBizo likaJesu Khristu asuke esonweni.” Bona? Sukani kuso.

139 O, sisilela kakhulu, bazalwane. Mina, wena, sonke, siya—siyasilela ngalokho uKhristu afuna sibe yikho. Futhi khona lapha kulolusuku sokuyisikhathi sokubeka eceleni isono sonke esisithandele kalula, futhi sigijime ngokubekezela umjaho obekwe phambi kwethu. Batshumayeli, kunjalo, bazalwane. Kunjalo sibili.

¹⁴⁰ “Khumbula futhi uphenduke, kumbe Ngizasusa ukuKhanya kwenkanyezi phandle kwendawo yakhe.” Yini indawo yakhe? EBandleni. “Kodwa nxa ungaphenduki futhi ubuyeke lapho owawukhona ekuqaleni, Ngizasusa umalusi wenu kini futhi ngimsuse endaweni yakhe; Ngizambeka kwenye indawo lapho eyakhe...lapho eNgizatshengisa khona ukuKhanya Kwami okuzakhazimula.” Hmm! Bekungelasizotha yini lokho?

¹⁴¹ Yisikhathi samabandla ukuthi aphenduke. Yisikhathi sePhentekhosti ukususa izifundi lezi ezinengi ezilolongekileyo kumaphuluphithi, futhi ungenise umtshumayeli wesidala phakathi lapho ozalitshele iQiniso; hatshi ukumbambatha futhi asebenzise ibandla okwetikiti lokudla, iholo elikhulu, lento enjalo, lesayensi yengqondo, lokubheja kancane amabhiza, lokudla kwemisobho, lakho konke okunye. Yisikhathi sokubuyela eVangelini. Angilandaba ukuthi umncinyane okunganani, “Lapho ababili kumbe abathathu bebuthene, Ngiza—Ngizakuba phakathi kwabo.”

¹⁴² “Phendukani, ngaphandle Ngibuyee futhi ngisuse uluthi lwesibane; ngimbuyisele, kwenye indawo akhanyise ukukhanya kwakhe.”

Manje indima 6. Manje nansi esizakuba lohlupho ngayo. Manje, ngaphandle uphenduke, Uzabuya futhi asuse umalusi.

Kodwa lokhu wena ulakho, . . .

¹⁴³ Manje, khumbula. O, ungakweqi lokhu manje. Lokhu kuza hlanganisa okunye kwakho konke ndawonye, kusehla phansi kulokhu siza...isikhathi esikuso khathesi. Umuntu wonke uzwa kahle, kuqala na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Lijahile na? [“Hatshi.”] Kulungile, manje. Kulungile, bekezelani nje kancinyane khona-ke. [Umzalwane uthi, “Hlala ubusuku bonke.”] Manje. . . Ngiyabonga.

Kodwa lokhu wena ulakho, (Babelenye into ngalesosikhathi, abazange na? Manje, kuyini ababelakho?) ukuthi wena uzonda ukwenza kwamaNikolayitha, lokho eNgikuzondayo lami.

¹⁴⁴ “Uyazonda lezozenzo zamaNikolayitha.” Ngihlezi endaweni yokutaditsha lamuhla phezulu lapho, ngibhale enye into lapha kulokho, ngifuna ukuthi lilalelisise manje, kusemaphejini athile lapha. Indima 6, indumiso lokuvumelana; lokho, uNkulunkulu leBandla bavumelana phezu kwento eyodwa, ukuthi ba “zonda ukwenza kwamaNikolayitha”; iVini leqiniso, iVini leqiniso, iBandla leqiniso elalikulelibandla leEfesu.

¹⁴⁵ Manje, khumbula, ibandla ngalinye lilezemikhuba yalo futhi lebandla ngalinye lilokukamoya kwalo. Yiwo amaphahla azalwa kuyo yonke imvuselelo futhi baphile kulo lonke ibandla. Baqala kuhle kulesi isikhathi futhi bacina kulesi isikhathi. Futhi ekucineni, abemikhuba balithumba eSikhathini seTiyathira, futhi uLuther walidonsela phandle njalo. Futhi manje liyajika

libuyela phakathi njalo. Uyayibona yini leyonkolo yemikhuba? Akula mehluko phakathi kwalokho lesiKatolika. Konke kuyinto efanayo. Yonke inhlanganiso ihlahlelwa phakathi kwakho. UNkulunkulu akaze ahlele iBandla Lakhe. Yikho kanye ababezama ukukwenza lapha. Futhi ukhangele futhi ubone khathesi uba lokho kungenjalo, ngitshengise nje ukuthi inhlanganiso ithukwe njani. Kwaku—kwakungaziwa eBandleni elitsha, iBandla leThestamente eliTsha. Bona?

Kodwa...wena...Kodwa lokhu ulakho, ukuthi wena uyazonda ukwenza kwamaNikolayitha, lakho eNgikuzondayo lami.

¹⁴⁶ IVini leqiniso lazonda ukwenza kwemikhuba yamaNikolayitha, ngakho loNkulunkulu kanjalo. Okwakuyizenzo ebandleni leEfesu, ebandleni labaseEfesu, kwaba yimfundiso ebandleni lePhegamosi. EEfesu, ibandla lakuqala, kwakuyisenzo, ebandleni elilandelayo kwaba yimfundiso. Liyakuzwa na? Liyazwisisa manje na? Kwakuyisenzo eEfesu, futhi khangela, ngalapha ePhegamosi kwaba yimfundiso. Kwaqala nje lapha esimweni sengane encinyane. Manje, ngomzuzu sizafumana ukuthi lokho kwakuyini. Nanzi *impisi* zikaPhawuli, “izenzo zamaNikolayitha.”

¹⁴⁷ Manje lokho...Kasilaphuleni lelobala, sifumane lokho esilakho singakaqhubekeli phambili. Ibala *Nikolayitha* yinto engazakaliyo kimi. Ngathatha sonke isichazamazwi sesiGriki engangingasithola. *Nikholayithi* livela ebaleni lokuthi *niko*, n-i-k-o, mana, ngiyakholwa ngikubhale phansi lapha, n-i-k-o, *niko*, okutsho ukuthi “ukunqoba, kumbe ukwehlula.” *AmaNikolayitha*, “Ukwehlula, kumbe ukunqoba ibandla.” Lokho ababezama ukukwenza lapha kwakuyikuzama ukuthatha iBandla lapho uNkulunkulu wayelabelusi khona, loMoya kaNkulunkulu uhamba ngeziphu eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, futhi, babelemfundiso eyaqalayo ukuthi babezakuba labapristi, labobhishopi, labopapa, lokunjalo. Lokho, uNkulunkulu wathi, Wakuzonda! Ulokhu esakuzonda lalamuhla. *AmaNikolayitha: nikao*, “ukunqoba, kumbe ukwehlula” umbuthano. *Umbuthano* kutsho “ibandla.” Bangaki abakwaziyo ukuthi umbuthano libandla? Kulungile, “Ukwehlula, kumbe ukunqoba, kumbe ukuthatha indawo yombuthano.”

¹⁴⁸ Ngamanye amazwi, susa bonke ubungwele, amandla wonke avela ebandleni, futhi uwabeke phezu kwabapristi; “Yeka ibandla liphile ngendlela elifuna ngayo, kodwa umpristi ngongwele.” Ususa uMoya oNgwele kude labantu kanye lezibonakaliso lezimangaliso zibalandela, futhi ususe lokho njalo ubanike ubupristi obungwele. Ususa uMoya oNgwele futhi uWuntshintshanisa lobupristi. Liyabona lokho okwakuyikho na? Kwakuyi...Ekucineni kwaba...

Kulelibandla lapha, kwakuyizenzo; futhi *lindawo* yaba yimfundiso; leTiyathira, yathumba. Futhi lapho uLuther ephuma, kwakungeke kuhlale ngaleyondlela, kwabuyela khona emuva futhi kwathumba njalo: obhishopi, okhadinali, ubhishopi abakhulu. Ngubani emhlabeni oyinhloko yeBandla likaNkulunkulu kodwa Yena ngoKwakhe? Ameni! Whew! Manje ngizwa amadlabuzane enkolo. UMoya oNgcwele wathunyelwa ukubusa iBandla; hatshi nje umtshumayeli, ibandla lonke! . . . umtshumayeli nje abengcwele, kuyikho, liBandla lonke liloMoya oNgcwele.

¹⁴⁹ Futhi esikhundleni saLokho, kulokuba ube loMoya ukwenza, bathethe isinkwa esincinyane esilucezwana lebhisikiti, lokuyiwayini, njalo bakubize “*Eucharist* engcwele okutsho ‘UMoya oNgcwele.’” Kungaba kanjani emhlabeni ucezu lwesinkwa lesiqephu sewayini kube ngumoya? Manje, nxa—nxa leyo kuyindlela, kumele ubale iMisebenzi 2 njengalokhu: “Lapho usuku lwePhentekhosti selufikile ngokugcweleyo, nangu esiza umpristi weRoma esenyuka emgwaqweni, futhi wathi ‘Phumisa ulimi lwakho’ futhi wabeka ucezu lwesinkwa, futhi wanatha iwayini, wathi, ‘Manje usuloMoya oNgcwele.’” Manje, manje sicabanga ukuthi lokho kubi. Kuyikho.

¹⁵⁰ Manje asehleni phansi; Ngagcotshwa ebandleni leBaptisti, asithatheni thina amaBaptisti. Uh-huh. Hmm? AmaMethodisti, kuyini esikwenzayo? “Nxa ungavuma ukuthi ‘UJesu Khristu uyiNdodana kaNkulunkulu,’ usindisiwe.” Udeveli uyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, njalo uyathuthumela Kukho; mhlawumbe uyakhukholwa ukwedlula lokho amalunga amasonto amanengi akwenzayo. Udeveli uyakholwa into efanayo futhi uyathuthumela, ngoba uyazi ulahliwe.

¹⁵¹ Manje sikuthathe ngesimo seMethodisti, batsho—batsho ukuthi “UJohane kazange abhaphathize,” lokho, “wafafaza.” Wathi, “Kwakulenhlobo zamagundwane amakhulu amanengi elizweni, la—lamanzi aphuma ezindaweni. Futhi wayelogebezi lwesinanakazana solwandle esisammenke futhi waphanda umlindi wohlobo lwegundwane.” Futhi ngempela bayakutshumayela lokho. “Futhi kulamanzi kulolugebezi lesisidalwa esisagundwane elikhulu, kumbe ugebezi lwesinanakazana esisammenke solwandle, phakathi komlindi wesinanakazana esisagundwane elikhulu, futhi afafaze abantu.” Umbhedo! O, mfowethu!

¹⁵² Awu, lapha sizakuthatha, “Lapho usuku lwePhentekhosti selufikile ngokugcweleyo, bonke babendawonye, benhliziyonye. Futhi umalusi wehla phansi futhi watshumayela intshumayelo enhle, futhi wathi, ‘Ngipha isandla sokunene sobudlelwano, futhi sizabeka ibizo lakho ebhukwini.’” Lokho akuzwakali kahle, ngabe akunjalo na? Ungakuthola lokho. . . Wawungeke ukuthole ku-almanac, babesazi ngcono kulalokho. I*Almanac*

yoSuku lokuzalwa lwamaKhosikazi endala iqondile ukwedlula lokho okungabayikho.

¹⁵³ Awu, kuyini okwabangela lokho, khona-ke? AmaNikolayithi eletha iqembu lamadoda ukuba aguqule uMbhala, futhi enze inhlanganiso yesonto engavumeli uNkulunkulu angene phakathi kwayo. Iyafa khona lapho! Khona-ke Wathi lapha, “Ufile! Ule ‘bizo’ uyaphila, kodwa ufile!” Abanengi babo, bafile, futhi abakwazi.

¹⁵⁴ Mina lomfowethu sasigola inhlanzi, sasingabafana abancinyane, phezulu lapha. Futhi ngabamba ufudu lwamanzi oludala olulumayo, futhi ngaquma ikhanda lalo; ngalususa entanjeni, ngangingafuni ukudlala laleyonto; futhi ngaluphosela phezulu okhunjini lapho. Futhi umfowethu omncinyane wabuya lapho, futhi wathi, “Kuyini okubambileyo isikhatshana esedluleyo?”

Ngathi, “Ufudu lwamanzi.”

Wathi, “Kuyini okwenze ngalo?”

Ngathi, “Nango elele *lapho*, ikhanda lakhe lilele phezulu *lapho*.”

Futhi wahamba phezulu lapho. Futhi wathi, “Lufile yini?”

Ngathi, “Sibili! Ngehlukanisa ikhanda lakhe emzimbeni wakhe, kumele lube lufile.”

¹⁵⁵ Ngakho-ke wathatha udondolo, futhi waqala ukufinyelela phansi ukuphosa lelikhanda lofudu emfuleni, futhi lapho... kumbe isifudlana. Futhi lapho esekwenzile, ufudu lwamanzi oludala lwalubamba. Uyazi, ziyaluma okwehola kumbe amabili. Lweqela emuva, wathi, “Heyi! Ngicabange ukuthi uthe, ‘Lufile.’”

Ngathi, “Lufile.”

Wathi, “Awu, akakwazi. Hatshi.”

¹⁵⁶ Ngakho yiyo indlela abantu abanengi abayiyo: bafile futhi bengakwazi! AmaNikolayitha! O, minabo! O, Wathi, “Uyakuzonda lokho.” Uthatha bonke abagcweleyo, abapristi abangcwele abahle, okhadinali abangcwele, ubhishopi ongcwele.

¹⁵⁷ Futhi abanye benu maPhentekhosti, “Umbonisi jikelele, makehle phansi. Umbonisi jikelele, uzalitshela loba lingaba lenkonzo yokusilisa lapha kumbe hatshi. Ha, ha.” Haleluya! UMoya oNgcwele yiwo lowo ongakutsho lokho kumbe hatshi, iLizwi likaNkulunkulu elilaPhakade.

¹⁵⁸ “Awu, Mfowethu Branham, siyakholwa ukuthi iBhayibhili liyafundisa ‘ukubhaphathiza eBizweni likaJesu,’ kodwa umbonisi omkhulu wathi nxa singaqala lokho ebandleni lethu, uzasikhahlelelwa phandle.” Yana phambili. Kunjalo. Kungabangcono ngikhahlelelwe phandle lapha kulokuba

ngikhahlelelwe phandle Le. Ngakho, nxa ungasusa loba yini *lapha*, uzakhahlelela phandle Le, kungenani, ngakho kungangcono ukhahlelwe phandle *lapha*. Nxa engakuhahlelela phandle *lapha*, uzakhahlelelwa phakathi Le. Ngakho leyo nje yinto efanayo, ngakho hlala khona Lakho.

¹⁵⁹ Sifuna ukuba siqonde. O, minabo, kuyinto enkulu, mfowethu. Kumele siqondise linto. Asisoze senelise ukuba leBandla kuze kuthi uNkulunkulu athole isisekelo sokuLibeka phezu kwaso. Akasoze akhe iBandla Lakhe phezu kwenqumbi yombhedo. Kumele abuye eLizwini Lakhe kungenjalo Akasoze abuye ngitsho; khona eLizwini Lakhe.

¹⁶⁰ Omunye umuntu, kungasikude, phezulu lapho, wathi, “Mfowethu Branham, phuma uze eChautauqua.” Bangaki ababese Chautauqua? Ngani, khangelani nje *lapha*, ingxenye eyodwa yokuthathu yebandla kumbe abanengi babeseChautauqua. Okuyikuthi... Manje, leyondoda yafika phezulu lapho leyomini, futhi lonke lamuzwa, lingakwazi ukuthi ngizakubakwazi ngakho. UNkulunkulu engambula ekamelweni phezulu-le lokho abakutshoyo phansi lapho, futhi, liyazi, Wakwenza. Wabuya phezulu lapho, wathi, “Manje, uMfowethu Branham, o, uyinceku yeNkosi. Lapho uMoya uphezu kwakhe, ungumprofethi ogcotshiweyo, uyakwazi sibili, UNkulunkulu uyamtshele lokho okukhona lalokho okuzakuba khona; kodwa isayensi yakhe yenkolo, ungakulaleli lokho.”

¹⁶¹ Umbono bani wokuxubaniseka! Umuntu engatsho kanjani lokho! Ngani, angika... Awu, nxa ungazange ubewazi umahluko phakathi kwebhinzi ezicacadiweyo lekofi, unga—ungazingcono kulalokho. Ungacabanga njani ngento enjengaleyo? Ngani? Ngani, lona ibala *umprofethi* sibisalo litsho “umambuli weLizwi likaNkulunkulu.” Ungakwenza njani...? “ILizwi leNkosi leza kumprofethi.” Angizange ngithi nginguye, bona bakukhuluma. Kodwa nanko-ke. Bona?

¹⁶² Ukuthi kanjani umuntu, ukubamba imfundiso yebandla encinyane kwenye indawo, ngoba inhlanganiso yabo ayizange ivumelane Layo, uthengisa ubuzibulo bakho ukuba uze okokudla, Esawu, wena mzenzisi ohluphekayo! Kunjalo. Ukuthengisa kobuzibulo bakho ukuba uze okokudla, okokudla kwenhlanganiso yesonto, okokudla kwenhlanganiso uNkulunkulu ayizondayo. Khumbula nje, uthi “inhlanganiso,” uNkulunkulu uyayizonda! Kuyinto eyehlukanisa abazalwane, futhi badazuka... Kulenengi lamaMethodisti, Baptisti, lePresbyterian, lobubusuku, abangathanda ukuba lobudlelwano etafuleni likaNkulunkulu. Kodwa nxa bekwenza, babezakuhahlelelwa khona phandle isikhathi sokuqala beqala kukho. Kunjalo sibili.

¹⁶³ “Umama wayengowakhona,” futhi bangumzukulu kwasekuqaleni. O, minabo! Angilandaba lokho umama

ayengena kukho, umama waphila ekuKhanyeni konke ayelakho osukwini lwakhe, wena uphila kolunye usuku.

¹⁶⁴ Isayensi yake yafakaza, okungaba yiminyaka engu 30 eyedlulayo, ngokubhodisa ibhola lizungeza ibhola elikhulu, bathi, “Nxa loba yiphi imota engahamba ngesiqubu esesabekayo samamayila angu 30 ngehola, amandla adonsela phansi azayiphakamisa emhlabathini awangenisa emkhathini.” Ucabanga isayensi lamuhla iyakukholwa lokho na? Bayagijima amamayila angu 1,900 ngehola. Abakhangeli emuva ukubona lokho abakutshoyo, bakhangele emuva, babone lokho abangakubona bekhangele phambili.

¹⁶⁵ Kodwa ibandla lihlezi lifuna ukukhangela emuva, libone lokho uWesley akutshoyo, lokho uMoody akutshoyo, lokho uSankey akutshoyo. “Konke kuyenzeka kulabo abakholwayo,” kasikhangeleni phambili! Into kuphela eBhayibhilini eyakhangela emuva...Liyakwazi ukuthi luhlobo bani lwenyamazana ehlezi ikhangela emuva? Impilo ephansi kulazo zonke ezikhona. Bangaki abakwaziyo ukuthi impilo ephansi kulazo zonke ehambayo? Ixoxo. Ixoxo yimpilo ephansi kakhulu ekhona, futhi umuntu uyimpilo ephakemeyo ekhona. Futhi ixoxo likhangela emuva. Angiyithandi leyo mpilo endala ephansi. Ngifuna ukukhangela phambili, ngikholwa, ngithemba, ngihamba ekuKhanyeni njengokuba EsekuKhanyeni, ameni, lapho Ekhanyisa ukuKhanya.

¹⁶⁶ Kwesinye isikhathi phansi eKentucky ngangisiba lomhlangano, indoda endala yaphuma phandle, futhi yathi, “O, ngikholwa lokho ukusiliswa.”

Futhi ngathi, “Awu, kulungile, ungumAmerica.”

Wathi, “A—ngikholwa lutho ngaphandle ngilubone.”

Futhi ngasengisithi, “Awu, kulungile.”

Wathi, “Manje, angilalutho lokumelana lawe, kodwa a—ngikholwa lokho okutshoyo.”

Ngathi, “Lilungelo lakho lokuba ngumAmerica, awudingi ukuthi ukwenze.”

Wathi, “Manje, angamukeli ulutho ngaphandle ngilubone ngokusobala.” Hmm!

Ngathi, “Awu, manje ngi...lokho—lokho kuhle, kufanele ube uvela eMissouri.”

Wathi, “Hatshi, ngingumKentucky.” Whew!

“Awuzwakali kahle sibili ngokuba ngowaseKentucky,” ngatsho. “Kodwa, kungenani,” ngathi, “nxa wena...yiyo indlela ocabanga ngayo, qhubeka.” Futhi wathi—wathi... ngathi, “Uzahamba njani ngekhaya?”

167 Wathi, “Ngiyadabula ngasoqaqeni. Ngihlala . . . Awu, hamba khonale lami.” Indoda enhle. Wathi, “Hamba lami ngekhaya, uhlale ubusuku bonke, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Ngifisa ngabe ngingakwenza, mfowethu.” Kodwa, ngathi, “Ngiya phezulu lapha lomalume wami.” Futhi wathi . . . Ngathi, “Ufuna ukutshayela usiya khona na?”

Wathi, “Hatshi, kumele ngihambe ngenyuke uqaqa phezulu lapho, uyakhwela ngalindlela, futhi wehlele phansi egodini, futhi wenyuke,” uyazi ukuthi kwenziwa njani phansi lapho.

Futhi ngathi, “Awu,” ngathi, “uzafika njani khonale?”

Wathi, “Ngizakwenyuka ngendlela phezulu lapho.”

“Ngani,” ngathi, “awungeke ubone ngitsho isandla sakho phambi kwakho.” Ngathi, “Uzafika njani phezulu lapho?”

Wathi, “Ngilesibane!”

Futhi ngathi, “Awu, unjani . . . Wenzani, uyalumathisa isibane leso futhi-ke uhambe laso na?”

Wathi, “Yebo, mnumzana.”

Ngathi, “Lapho ukhanyisa isibane leso, ungasiphakamisa phezulu njengalokhu na? Ngizathanda ukubona indlu yakho.”

Wathi, “Awungeke uyibone.”

Ngathi, “Khona-ke uzafika njani khonale?”

“O,” wathi, “Ngizalumathisa isibane nje; futhi lapho ngihamba, siza . . . Ngihamba nje njengalapho ukukhanya . . .”

Ngathi, “Yikho nje. Amen, hamba nje ekuKhanyeni.”

168 Qhubeka nje uhamba! Ungami uthule, awusoze ufike ndawo. Nxa usindisiwe, yana ekungewelisweni. Uthi, “Ungena njani lapho?” Qhubeka nje uhamba. “Ubhaphathizo lukaMoya oNgwele lungemuva kokungeweliswa na? Ngikuthola njani lokho?” Qhubeka nje uhamba ekuKhanyeni. “Izibonakaliso, izimanga, lezimangaliso . . .?” Qhubeka nje uhamba ekuKhanyeni. Bona? Qhubeka nje! Sonke isikhathi usenza inyathelo, ukuKhanya kuzakweqa nje kancinyane phambi kwakho, ngoba Uhlezi ephambi kwakho. Akafuqi, Uyakhokhela. UyikuKhanya. O, ngiyathokoza kakhulu ngalokho. Alinjalo na? UyikuKhanya, Kuye akula bumnyama.

169 “Wena uyazonda izenzo zamaNikolathiya.” Kwaba yimfundiso. Manje asiboneni lokho uPhawuli . . . Manje, ibandla likabani . . . Ngubani owasungula ibandla leli manje? Uphawuli, iEfesu.

170 Asivuleni manje kuMisebenzi isahluko 20, okomzuzu nje. KuMisebenzi isahluko 20, futhi sibone lokho uPhawuli . . . Liyakholwa uPhawuli wayengumprofethi na? Sibili, wayenguye. Ngeqiniso, wayenguye. Khumbulani lobobusuku umbono phezu kolwandle olwalulesiphepho, lokunjalo na? Manje, . . .

futhi ngakho konke mayelana ngakho. Manje isahluko 20 soNgcwele . . . sikaExo- . . . Imisebenzi, futhi kasiqaliseni khathesi phose i—indima 27, futhi lilalelisise manje lapho sibala. Manje, lowu nguPhawuli, umprofethi, ekhuluma ngaphambili lokho okwakuzakugcwaliseka.

Ngoba kangigodlanga ukuthi ukulitshumayeza lonke icebo likaNkulunkulu.

¹⁷¹ Leyondoda ebusisiweyo! O, ngifuna ukuma lapho ngalolosuku futhi ngikhangele lowomqhele wokufela ukhoho ufakwa ekhanda lakhe. Nxa kulento enjengokuthi ngingakhala, khona-ke ngizakhala. Ngizamemeza, ukubona uPhawuli.

Bona uPhawuli oNgcwele, lowompostoli omkhulu
Lesambatho sakhe senziwe sakhanya njalo sisihle;
Futhi ngileqiniso kuzakuba lokumemeza
Lapho sifika lapho sonke. (Alinjalo na?)

¹⁷² Manje:

. . . Kangigodlanga ukulitshumayeza . . . lonke icebo likaNkulunkulu.

¹⁷³ Kunjalo na? Manje, amaKhristu, khangela ngapha; ngifuna ukulibuza enye into. Kwakungubani owalaya abantu ababebhaphathizwe ngenye indlela ngaphandle kweBizo likaJesu Khristu ukubuya futhi babhaphathizwe njalo? [Ibandla lithi, “Phawuli.”—Mhl.] Watshumayela icebo lonke. Kunjalo na? O? Futhi kuyini uPhawuli akutshoyo e . . . Ngiyakholwa kwakungu . . . Angilaqiniso manje loba ngabaseThesalonika isahluko 1 lendima 8. “Nxa thina kumbe ingilosi evela eZulwini ingatshumayela loba yiliphi elinye ivangeli, uba ingilosi isehla ivela eZulwini futhi itshumayele loba yiliphi elinye ivangeli kulaleli” (kulayela abantu ukuba babhaphathizwe njalo eBizweni lika Jesu Khristu, leVangeli lelo uPhawuli alitshumayelayo) . . . “Nxa loba yiphi ingilosi evela eZulwini” (hatshi i . . . kungaba ngubhishopi, kumbe ukhadinali, kumbe umbonisi omkhulu, kumbe umalusi, kumbe—kumbe enye into) . . . “Uba ingilosi isehla ivela eZulwini futhi itshumayele elinye ivangeli ngaphandle kwaleli, makabe ngoqalekisiweyo.” Kunjalo. Kunjalo na? Lokho akutshoyo, kwabaseGalathiya 1:8. Kwenzakele nje ukuba ngicabange ngakho. Kulungile, abaseGalathiya 1:8, nxa lifuna ukukubhala phansi lokho, sibone lokho uPhawuli akutshoyo.

¹⁷⁴ Manje, lapha uthi . . . Manje eyesi 27, ngiyakholwa indima 27:

Ngoba kangigodlanga ukutshumayela kini . . . lonke icebo likaNkulunkulu.

¹⁷⁵ Manje lalalani ukuthi lokhu . . . Lesi yisiprofethi:

Ziqapheleni-ke lina, lomhlambi wonke alibeke... phakathi kwawo uMoya oNgcwele... ukuba libe ngababonisi, ukondla ibandla likaNkulunkulu, lelo azithengela lona ngegazi lakhe uqobo.

176 Ngubani owathengayo? Laliyigazi likabani lelo? IBhayibhili lathi kwakuliGazi likaNkulunkulu. UNkulunkulu, ngeGazi Lakhe uqobo. Kunjalo na?

...bondle ibandla likaNkulunkulu, lelo azithengela lona ngegazi lakhe uqobo.

177 IBhayibhili lathi sisindisiwe ngeGazi likaNkulunkulu. Belikwazi lokho na? Ngeqiniso, Liyakutsho. Kulungile:

...abathengwe ngegazi lakhe uqobo.

Ngoba ngiyazi lokhu, ukuthi ngemva kohamba kwami kuzangena impisi eziphangayo phakathi kwenu, zingawuyekeli umhlambi.

Njalo laphakathi kwenu... (Khangela, leyondoda yayikhangela phansi ngalokho futhi ibone leyonto isiza)... laphakathi kwenu kuzavela amadoda bekhuluma izinto eziduhisayo, ukuhugela abafundi ngemva kwawo.

178 [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] Iminyaka elandelayo lapho e... Kumbe iqembu lamadoda elifuna ukwenza inhlanganiso futhi lithathe u—ubungcwele loMoya oNgcwele ebandleni, futhi babubeke kubobhishopi labopapa labapristi, uku... bazakubangcwele, futhi ibandla liphile loba ngayiphi indlela aba—abafuna ngayo. Futhi bazakubhadala abapristi futhi uzakubakhulekela abakhuphe phandle kwesihogo, lakho konke okunjalo. Futhi ngamaNikolathiya! Futhi uNkulunkulu wathi, “Ngiyakuzonda lokho!” Manje lalelani.

“Mangibone, futhi wena uthi, ‘UNkulunkulu wathi Wakuzonda na?’”

179 Manje kasiboneni nxa Wakwenza:

Ngoba lokhu ulakho, ukuthi uyazonda izenzo zamaNikolayithi, lezo eNgizizondayo lami.

180 UNkulunkulu uyazonda inhlanganiso. Kunjalo na? Manje uyabona khona kanye lokho ababekwenza, liyabona lokho abakwenzayo. Manje khangela phansi ebandleni nxa bengakwenzi lokho. Uyazonda inhlanganiso!

Lowo olendlebe, akezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni;...

